
# 1. Masiphephe

## Imibuzo ngaphambi kokufunda:

1. Yini oyibona esithombeni ocabanga ukuthi iyingozi? Bala konke okubonayo.
2. Ngabe kukhona nawe into oke wayenza eyingozi? Yini leyo?



Masiphephe! Masiphephe! Singadlali ngezinto eziyingozi, singadlali ngezintambo zikagesi! Sizivalele izinto ezinobungozi.



Ake sibale izinto eziyingozi ezisesithombeni esingenhla.
Zibekwa kuphi izinto ezinobungozi?



9781779892218_m01_plt_lan_g01_bb_zul_za.indd 1 2025/03/16 00:42




“Fihla ningabeki imithi namaphilisi budedengu! Maye! ingane isizozitapela!” kumemeza umama. Phela umntwana ucabanga ukuthi amasmatisi, uswidi.

Zenzani izingane ezisesithombeni esingenhla?
Ngabe nawe wake waganga ngezinto eziyingozi?
Waluthola kanjani usizo?



9781779892218_m01_plt_lan_g01_bb_zul_za.indd 2 2025/03/16 00:42






Sibona izingane ezilimele kulezi zithombe, umfana ugibele esihlahleni wawa walimala idolo. Intombazane ifake ipulasta endlebeni. Umama ushayela abezimo eziphuthumayo ucingo.

Wake walima kwadingeka uye emtholampilo? Ungazizwa kanjani ulimele njengalaba abasezithombeni?



9781779892218_m01_plt_lan_g01_bb_zul_za.indd 3 2025/03/16 00:42



“Hhayibo! seniwospayidameni! Nenzani lapho? Nizobanjwa ugesi! Nikhuzwa la, nishone ngala, nikhuzwe ngala, nishone le! Kuthetha ugogo.

Kungani umfana osesithombeni ekhala?
Kungani ugogo ethetha?



9781779892218_m01_plt_lan_g01_bb_zul_za.indd 4 2025/03/16 00:42

# 2. Ngisele ngedwa

## Imibuzo ngaphambi kokufunda:

1. Lo muntu osesithombeni ungamethemba noma cha? Chaza.
2. Wawungamvulela wena lo muntu? Ngobani?






Nqo! Nqo! Nqo! "Ngivulele, ngikuphathele izinto ezimnandi ntombazane!" UNdoni wakhumbula kahle amazwi kanina, "Ungalokothi uvulele muntu la endlini!"



Kungani uNdoni engavuli emnyango?
Uthini umuntu ongqongqoza emnyango?



9781779892218_m01_plt_lan_g01_bb_zul_za.indd 5 2025/03/16 00:42





“Okungcono angishayele amaphoyisa,” kusho uNdoni ehleba. Uvalo olwase lumshaya lwamenza wabheda nokulandelanisa kahle izinombolo zika 10111.

Ithini inombolo yamaphoyisa?
Kungani wayehleba uNdoni?
Ubuzozizwa kanjani unguNdoni.



9781779892218_m01_plt_lan_g01_bb_zul_za.indd 6 2025/03/16 00:42




“Wathula. Kusho ukuthi usehambile.” Engabe bekungubani! Ezokwenzani? “Hhawu! Nansi ingubo isha! Maye!” kusho uNdoni egxuma eyilahla laphaya ingubo namalangabi. Washayela izicishamlilo ucingo.

Ngabe uNdoni uyintombazane ecabanga kanjani?
UNdoni unezinombolo zezimo eziphuthumayo.Ngabe wena uyazazi na?




Uma usele wedwa ekhaya, khiya zonke izicabha. Ungavuleli muntu. Noma ngabe ucabanga ukuthi uyamazi. Uqikelele ukuphepha nasezintweni ezifana nezifudumezi. Ikhadi noma iphepha elinezinombolo zezimo eziphuthumayo lihlale lisobala.

Yini okumele ihlale isobala uma usele wedwa?

Kufanele yini ukuthi ungakhiyi uma usele wedwa?



9781779892218_m01_plt_lan_g01_bb_zul_za.indd 8 2025/03/16 00:42